fulatele, ~~se~~ be balekа. Kutiwe-ke "i yi susele". Kwenye indawo ku pele won' amazawe, a be hlabene nga izolo, a sal' amanye, a sende amanye a manye afe. Abanye kanti ba ba vimbazela nje ba se ngabeni, kanti ingaba imbi. Kanti lab' ababfikayo abazazi kahl' ingaba, ~~le~~ ingaba ye zizwe. Abanikazijo ba waz' onk' amasango, ba vimbe ku won' onk' amasango, ba ba bunyise ngasend-awen' imbi. Baba guwaze ba ba gotulo. Kwenye indawo ba bulawe nje bon' abanikazi ingaba. Ngob' enye inkosi ehlakanipileyo i biti ezindunені "Abantu bami kuma amankenfane ese sengabeni ni ngazi, ingaba imbi, funa nife ni pele. A no bazela be sobala, be ngak' engabeni." Abanye ba

nga katali; ba ngene nje kon' engabeni. Abanye ba cupe ngezinkomo, impi bayi tukuse, bayi vez' ibe ingcosana ba 'bek' izinkom' obala. Ibi si kangwa izinkomo, it' i yaudhl' izinkomo, kant' abanikazizo se be bonge bayi 'beka kahle impi yabo. Iti lapa i sedhl' izinkomo i vuke. ~~Z~~ I ba gwaze! i ba lahlise zon' izinkomo; i ba cete. Kut' enye impi, yezinduna' ezihlaka-nipileyo ziti "Musan' uku kangwa izinkomo, izinkomo zi ne ngozi".

Amaswazi abe tiy' u Zulu nge zingaba, kwaze kwa fik' ama-Ngisi, no Tshak' e nga bonang' aze a ngen' engabeni ka ~~Msebazi~~ Sobuza no Dingana no Mpande.

. u Hamu ka Mpande waba tiya nge

ngaba yak' eNgoje, e tiya Usulu, be ka Cetshwayo.

Fable. – (Socwatsha's version of King Solomon's *famous judgment*). –

Kwa fika kwa mit' abafazi ababili; ba zala langa linye, izingane e za bafana zombili. Ba lala ndhlini' nye. Ingane wayi cindezela nge bele, ingane ya fa. Wa yi sata ka! ingane isi file! ngi lale pezu kwayo, ibele la yenz' isamuku. Wezwa lo a ~~w~~ lele naye ukuti u ya rongi ulele, waye se tata le ngan' efileyo e se mambul' ingubo, e sezi faka kuyena, e se tata le ezwayo, e se lala nayo kuyena. Se kusa (be se ku sedwe ukusa) e se papama lo o be lele. A ~~[illegible]~~ U se tat' ingane u ti u ya yi ncelis' ebeleni u seti Ha! ingane i si file, u set' u ya yi

beka ebuswení. Esetí Weu! a si yami
bengane, u seyi kahlela pansi,
le efileyo. Usetí "akesi bone le
ngan'oyipetwe yo. Esetí "U zo yi bonani?
Naye u se vukile, u seyi singete.
U seyi penya, u setí Ha! ingantí
umntanami nje lo! Utí Ngi nga
kohlwa umntanami. Kona si
zele langalinye, ngeke ngi kohlwe
eyam'ingane. Usengabanayo
u setí "Nansi ingane yak'efileyo.
U setí lo Hau! ubulala ubulal
ingane yako. Usutí u zo tat'eyami
na? Eyako i le efileyo. Na lo
u setí naye asi yon'eyami le e
fileyo, eyami le ezwayo. So ku
ze kuzw'abantu bonke ukutí
ingan'iya banqwa. So ku ze ku
be icala. So ku yo bikw'enkosini
yabo ebapeteyo.